**IMIYALELO NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU.
   ISIQEPHU A: Izindaba Ezimfushane UMBUZO 1
   - Izinhliziyo Ezibuhlungu – S. Khwela
   - Bengingeke Ngisakwazi - S.Khwela

   ISIQEPHU B: Izindaba Ezimfushane UMBUZO 2
   - Umculo Omnandi – S.Khwela
   - Ogandaganda- N.G Sibiya

   ISIQEPHU C: INOVELI
   - Elokufa Kalitsheli

2. **Abafundi be- NON-MOTHER TOUNGUE abaphendule ISIQEPHU A-B**
3. **Abafundi be MOTHER TOUNGUE abaphendule ISIQEPHU A kanye NESIQEPHU C**

4. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

5. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

6. Bhala izinombolo ngendlela ezihlelwe ngazo kuleli phepha.

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: IZINDABA EZIMFUSHANE

## UMBUZO 1

## 'IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU' – S. KHWELA

1.1 Fundisisa lezi ziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

"Uyabona Senzo mfowethu,"kuthatha uDumsani, "Kumele nawe uzifunele intombi kulezi ezibhala ephephandabeni zithi zibulawa yisizungu, zifuna izinsizwa. Mhlawumbe nale nkinga yakho yokungavakashelwa muntu ejele ingathuka isilunga. Bheka nje futhi ngisho abantu bakini abakwazi nokuthi washonaphi.Ungamthola umuntu ozokuvakashela. Ubona kanjani?" embuza ehleka kancane.

"Awu suka lapha wena Dumsani. Nalabo abazitholayo belapha ejele kusuke kuthuke **ucilo ezishaya endukwini** nje. Bangaki asebebhale babhala, lutho ukuphendulwa?"

"Uzifanisa nabo yini wena?"

"Cha angizifanisi nabo,ngifana nabo. Siyiziboshwa nje sonke."

"Izintombi emyango zifuna zona iziboshwa. Uthini lo?"

"Ziyeke abafana emnyango befundile behamba ngezibelethe amasondo emhlane,zidumele iziboshwa abantu abanekusasa elifiphele?" ebuza enikina ikhanda.

"Ukhuluma kanjani manje? Lifiphele ikusasa lethu?"

"Awu suka, lifiphele. Kungathi ubona sesihlale ngaphezu kweminyaka eyisithupha sivalelwe."

Anikine ikhanda uDumsani, ambukisise umngani wakhe.

"Mmm…wena Senzo ukhuluma kanje nje awuzenzi. Wenziwa ukuthi ingqondo uyivalele ekopini."

"Usuyabheda-ke manje! Ikhanda lami liyikopi"? Ebuza ngokucasuka.

1.1.1 Bazana kanjani laba abaxoxa esiqeshini esingenhla? (1)

1.1.2 Yini igama lengosi lapho kubhala khona izintombi nezinsizwa ezinesizungu? (1)

1.1.3 Chaza isizathu esenza uSenzo angabi naso isivakashi. (1)

1.1.4 Ubani igama likadadewabo kaSenzo? (2)

1.1.5 USenzo noDumsani base behleli iminyaka emingaki ejele? (1)

1.1.6 Bhala isizathu esenza uSenzo azishitshe igama ejele. (2)

1.1.7 Umbhali wale ndaba emfushane ukwazile yini ukufeza umgomo wesingeniso, YEBO noma CHA, Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.1.8 Yimaphi amalungelo AMABILI ayenikwa iziboshwa ejele ngokwale ndaba. (2)

1.1.9 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi **ucilo ezishaya endukwini** sichaza**;**

A. Ukuba neshwa
B. Ukuba nenhlanhla (2)
C. Ukulahlekelwa ithemba.
D. Ukushaya umuntu ngenduku.

1.1.10 Bhala izinto EZIMBILI ezenziwa uDumsani ezimveza njengomngani weqiniso kaSenzo. (2)

1.1.11 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwadala ukuthi uSenzo adukelane nomndeni wakhe. (2)

1.1.12 Ngamaphuzu AMABILI bhala okwenzeka esiphethweni sale ndaba ebesingakulindele (ingwijikhwebu). (2)

**[20]**

## ISIQESHANA B

## BENGINGEKE NGISAKWAZI- S KHWELA

"Umyeni wakho utholakele ezilengisile e…" washaqeka kwaphela nasozwanini uMaNduli.

"Ezilengisile?"

"Yebo ezilengisile esihlahleni esikhotheni esiseduze nomgwaqo. Amaphoyisa abezulazula azithela emotweni iphayiza amalambu. Abe esenikela kuyo. Angafica muntu kuyo kodwa abe esezwa ukubhonga eskhotheni okutholakale ukuthi bekungumyeni wakho lowo. Ngenkosi-ke amfice umphefumulo ungakaphumi. Ube esephuthunyiswa esibhedlela".

Afake isandla emvulophini enkulu ephezu kwetafula. Abuye nepheshana.

'Lokhu incwadi etholakale kuye," Esho eyinika uMaNduli aqhubeke usayitsheni athi "Imoto yakhe yiyo leya opake eduze kwayo. Ngizocela iphoyisa likuyisele yona ekhaya kodwa kuhle uqale esbhedlela, udlule lapha uma usubuya". Washutheka incwadi leyo ephakethenі uMaNduli, wasukuma waphuma. Wake wama isikhashana ebuka imoto kaThemba abengabonanga kanti ukuthi upake eduze kwayo. Ubesengabona kodwa kulokuya kuphithana abe yikho? Wangena emontweni wayikhuhla yahayiza, Nguye lowaya eyixavatha esebheke eShifa esibhedlela. Nokho wafika isimo singesibi kakhulu kuThemba. Abakhulumanga ngoba usaxhunywe amapayipi ubuxhakaxhaka uThemba. Wagcina ngokumbuka nje kanjalo.

1.2.1 Wabe engubani igama umyeni kaMaNduli? (1)

1.2.2 Chaza ngephuzu ELILODWA okwenzeke kumyeni kaMaNduli kulesi siqeshana. (1)

1.2.3 Bhala isizathu esenza uMaNduli abe umlingiswa oqavile kule ndaba. (2)

1.2.4 Ngephuzu ELILODWA chaza isisusa sodweshu kule ndaba. (2)

1.2.5 Chaza isizinda senkathi ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.2.6 Ngokucabanga kwakho ikuphi okwakufanele kwenziwe umlingiswa uThembi enkingeni ayebhekene nayo, Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.2.7 Qondanisa **IKHOLOMU A** kanye **NEKHOLOMU B**

| **IKHOLOMU A** | **IKHOLOMU B** |
|---|---|
| 1.2.7.1 eShifa | A. Umakhelwane kaMaNduli. |
| 1.2.7.2 eSherwood | B. Igama lesibhedlela okwakulaliswe kusa uThemba |
| 1.2.7.3 UThembi | C. Isiteshi samaphoyisa |
| 1.2.7.4 UNtombi | D. Isibongo sika Themba. |
| 1.2.7.5 USkhosana | E. Wazilengisa |

(1x5) (5)

[15]

**AMAMAKI :35**

**ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFISHANE**

**UMBUZO 2 UMCULO OMNANDI- S KHWELA**

**Fundisisa lezi ziqeshana EZIMBILI bese uphendula imibuzo ezolandela:**

**ISIQESHANA C**

Sekuthanda ukunganambisiseki kahle lokhu. Le nto eyenziwa uFreddy iyawuhlukumeza ngempela umphefumulo kaZandisile. Uma sekuzokwanda kanje ukungasigcini isikhathi, kuya ngokuya kushabala ukumethemba. Yini ngempela emlibazisile manje ngoba nguye uFreddy onqume ihora leshumi naye ukuba bahlangane ngalo la eWorkshop? Selishaye ladlula selidonsela kweleshumi nambili manje. Awu kahleni bo! Ukusuka khona la **enqulwini** eChesterville sekungaze kumenze ashiywe isikhathi ebesinqunywe nguye?

Kumane kumcike ukukhumbula ukuthi njengoba eseme kwaze kwavuvukala izinyawo nje ulinde umuntu okunguye obethe akoshaya uleveni eselindile. Kumane kuthi xhifi aqalaze ezitshela ukuthi uzombona othandiweyo wakhe ethi qhamu. Lutho akukhali Freddy lapha. Amehlo akhe eselokhu embonisa ezinye izithandani ebezihlele ukuhlangana njengabo sezibambelene eduze ngezandla. Zibambene nje ziphuma kothengelana izipho, kulenga opulasitiki abagqame ngamagama ezitolo ezibizayo. Babodwa abaqabulanayo, okuzishoyo nje ukuthi phakathi kwabo ingelosi yothando ishaya amaphiko, ivuthela umoya wothando nokuzwana**.**

UZandisile yilokhu ebe yisigxobo nje esibukela lo mdlalo kamabonakude odlala phambi kwakhe. Zikhona nezinye ezingacushwa, ezithe uma zithu jeqe, zabona lo mtshingo onguZandisile ongabethwa muntu, zacela uthando. Pho-ke akusibo ubuhle lobu. Yinhle intombi kaMsholozi kungathi iqhamuka komunye umhlaba.

2.1 Bhala igama lendawo lapho kwakuzohlanga(meet) khona uZandile nesoka lakhe. (1)

2.2 Babezohlangana ngaliphi ihora oZandisile no Freddy? (1)

2.3 Ngokwale siqeshana yini eyayenza uZandisile alahlekelwe ukumethemba (lost trust) uFreddy? (2)

2.4 Tomula umusho oveza umuzwa wokuthi uZandisile wayediniwe (angry). (2)

2.5 Kwabangelwa yini(what was the cause) ukuthi uZandisile awuguqule umqondo (change her mind) wakhe wokuyolinda uFreddy kubo. (2)

2.6 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi isqeshana.

Ukusuka khona la **enqulwini** eChersteville. (2)

2.7 Ubudlelwano (relationship) phakathi kuka Zandisile no Freddy kwakwaziwo emindenini yabo. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.8 Umbhali wale ndaba ukwazile yini ukufeza umngomo wesikhathi kule ndaba emfushane. YEBO noma CHA. Bese usekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.9 Hlaziya (Analyse) le ndatshana ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo, Bhala iphuzu ELILODWA ngesihloko ngasinye.

2.9.1 Isingeniso. (2)

2.9.2 Uvuthondaba (2)

2.10 Ngokucabanga kwakho isenzo sikaFreddy noMaZubane sayishitsha kanjani impilo kaZandisile. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

[20]

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

**OGANDAGANDA- N.G SIBIYA**

Ayaluyaluze egcekeni. Ingqondo iyathatha iyabeka. Uma esuka lapha uzozishiya nobani izinto ezingaka, azijulukela kangaka? Anxaphe. Konje kazizukusala lezi zinto! Zizodilizwa, zicekelwe phansi ngogandaganda. Bese kwakhiwe amafemu. Anxaphe futhi uShabane. Anikine ikhanda. Awubuke futhi umuzi wakhe. Muhle. Mkhulu. Ukhomba wona amandla endoda eyasebenza, yenzela ukuhlala kahle inethezeke ngomuso. Impela wayewakhele ukuphumula lo muzi wakhe uma esekhulile. Awubukisise futhi. Ahambahambe lapha egcekeni. Aze ayoma ngasesangweni. Agqolozele lo mbhalo omkhulu olapha esangweni. Kubhalwe kahle ngamagama acacile, “EKUPHUMULENI”. Awugqolozele lo mbhalo uShabane. Ezwe kucweba izinyembezi.

Wayethi uyothola ukuphumula lapha, aze aficwe ngukufa. Kakusenakwenzeka lokho. Nakhu phela kuthiwa bazogudluzwa ngenkani lapha. Kuthiwa bayeza ogandaganda kusasa. Bazodilza, bacekele phansi konke lokhu. Konke lokhu akusebenzela kangaka. Labo gandaganda bazodiliza konke lokhu akujuIukela ethi kuyomlethela ukuphumula kwengqondo nomphefumulo.

Zehle manje izinyembezi. Aphume ngesango. Nanguyana eseya enhla komuzi. Aze ayoma phansi kwemithi kawatela. Kunamathuna lapha . Maningi. Abiyelwe kahle. Avule isangwana. Angene. Awabuke onke. Nati elikanina. Likhonkwe kahle lase liba nombhalo. Adlulise amehlo. Nanti elendodana yakhe endala eyadutshulwa eThekwini. Zisabonakala izimbali eziphezulu kwalo. Anyuke kancane . Aze azoma phambi kwelikaMaMhlungu**.**

2.11 Wayeganwe uMabani uMnumzane Shabane? (1)

2.12 Yini eyayenza ingqondo kaShabane ethathe ibeka? (1)

2.13 Chaza kafushane ukuthi umbhalo owawusesangweni lika Shabane unabudlelwane buni nendikimba yale ndaba. (2)

2.14 Chaza izisathu EZIMBILI ezenza uShabane angahambisani nokususwa (being moved) endaweni ayakhe kuyo. (2)

2.15 Yashona kanjani indodana kaShabane yokuqala. (2)

2.16 Uyavumelana yini nombono wokuthi okwenzeka kule ndaba kungenzeka empilweni yangempela (real life) YEBO noma CHA, bese usekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.17 Qondanisa **IKHOLOMU A** kanye **NEKHOLOMU B**

| **IKHOLOMU A** | **IKHOLOMU B** |
|---|---|
| 2.17.1 UVusimuzi | A. Wabe enogandaganda kwakhe. |
| 2.17.2 UHlongwane | B. Uhlala noShabane. |
| 2.17.3 EKuphumuleni | C. Wayeyilunga lekomidi elikhulumela umphakathi. |
| 2.17.4 Umyalezo | D. Umbhalo owawusesamgweni. |
| 2.17.5 UMkhize | E. Kwesiye isikhathi amaphupho akasilo iqiniso |

(1X5) (5)

AMAMAKI: 35

## ISIQEPHU C: INOVELI -Elokufa Kalitsheli -M.M. NDLOVU

## UMBUZO 3

Fundisisa lezi ziqashena EZIMBILI bese uphendula imibuzo ezolandela:

## ISIQESHANA C

"Uyohamba usinda Sathane. Kuzokuqoqa ukuhlwa, ngizokubona ukuthi uzolala kuphi." Uklabalasa nje uMahlase usebambelele edanda ebuka uVela owaba ngukubona ukuthi usemshiye ngokwanele uyise, wahlukana nokugijima, wazishayela kancane sengathi akwenzeke lutho.

"Ulibambe lingashoni nawe khehla ndini! Ngiyabuya ntambama ngikhathele ngukubhonywa nguwena. Ucabanga ukuthi ngiyimbongolo yakho? Nx! Esho ekhomba ngomunwe usuze wathi ukubuya kancane, esethukuthele wathelwa ngamanzi ngenxa yeminjunju yemivimbo eyayinsonsotha umzimba wonke.

"Yeyi wena doti ukusho kubani lokho?" Ubuza nje uzama ukuya ngakuVela owaba ngokubona ukuthi nangu eza uyise, wafulathela. UMahlase waswela amandla okugxuma ahlale kuVela owayesemsongela, nomakhelwane sebebuka ibhayisikobho yamahhala kuyise nendodana.

Wabuya lapho uMahlase waqonda ngqo endlini elala uVela. Wafika khona wadonsa isicabha esasihuhuluza phansi," Ngifuna ukumbona ukuthi uzolala kuphi lo doti. Ngikhathele nguyena."

Wasuka lapho wanikela kuvulandi lapho kuhleli khona umkakhe uMaZwide owayeyibuke yonke ingxabano phakathi komyeni wakhe nothumbu wakhe **owayengaconsi phans**i. Wathi efika lapho uMahlase wayehlala sakucupha esitulweni okwaba ngukuhlala nje sajikoza**.**

3.1 Bahlobene kanjani laba abaxoxa esiqeshini esingenhla? (1)

3.2 Hlobo luni lodweshu olutholakala esiqeshini osifundile ngenhla, Sekela impendulo yakho. (2)

3.3 Bhala igama lalapho kwabe kwakhe khona uMahlase nomndeni wakhe. (1)

3.4 Chaza ngephuzu ELILODWA isigameko esenzeka emzini kaMahlase esadala ingxabano. (2)

3.5 Tomula amazwi esiqeshini aveza umoya wendelelo ashiwo uVela. (2)

3.6 Ngabe umbhali wale ndaba ungomunye wabalingiswa YEBO noma CHA bese usekela impendulo yakho. (2)

3.7 Ngamaphuzu AMABILI, hlaziya isingeniso sale ndaba. (2)

3.8 Caphuna igama elisesiqeshini elisho ingane engumagcino ekhaya. (2)

3.9 IQINISO noma IPHUTHA ukuthi umndeni kaMahlase wawungahlalisene kahle nomakhelwane. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Khetha impendulo EYODWA kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile esiqeshini esingenhla esithi :

**Owayengaconsi phansi.**

A. Wayehlala phansi
B. Wayethandwa kakhulu.
C. Wayephathwa ngesihluku. (2)
D. Wayeziphethe kahle.

3.11 Ngokucabanga kwakho indlela uMahlase ayephethe ngayo uVela yaba namuphi umthelela ebudlelwaneni babo. (2)

[20]

KANYE

**ISIQESHANA D**

"Umthetho wakho udakiwe yini wena mshayeli? Uyabona ukuthi uyangilimaza? Awungilindi ngani ngihlale phansi kuyima ususa imoto?" Ubuza nje ulibambile iso lakhe sakulipitshiza, uzama ukubohlisa izinhlungu.

Umshayeli waphendula isibuko setekisi esingaphakathi saze sambonisa uVela owayesanxapha.

"Ngizomisa le moto ngehle ngikumuhluze ngikuvale elinye iso kengibone ukuthi uzobona ngani, "usho nje lo mlisa usehlise nejubane letekisi. Wabona uVela ukuthi iyashisa le nsizwa yena wakhetha ukuthula. Wagcina ngokungudaza yedwa ekhulumela esiswini. Wambona umshayeli owayeyintanga naye ukuthi uyakhuluma.

"Usho uma ukuphika lokhu engikushoyo, " wayembuka ngqo esibukweni.

"Angikhulumi nawe ngikhuluma ngedwa,"usho nje selumuthe nke uvalo esebona nke ukuthi nakhu lizoshona ilanga eseyimpumputhe.

Cishe lamenelisa lelo umshayeli ngoba wafaka igiya lejubane wayivuthela itekisi. Yahamba yaze yafika ezimpambanweni zomgwaqo oya eDutch nase Goodhome.

3.12 Bhala igama lesithuthi esasihamba uVela. (1)

3.13 Wayelibangise kuphi uVela njengoba wayexabana nomshayeli wetekisi. (1)

3.14 Kwabe kungubani umngani kaVela ababebhema naye umthunzi wezinkukhu? (1)

3.15 Ukuba khona kwentsha (youth) ebhema izidakamizwa esitolo eSizanani kuvezani ngesimo senhlalo endaweni yaseGoodhome. (2)

3.16 Yisiphi isitho somzimba esasilimele kakhulu kuVela. (1)

3.17 Ngokwesiqeshana esingenhla iyiphi ingozi eyacishe yehlela uVela ngenxa yokungabi nanhlonipho.. (2)

3.18 Chaza isizathu esasenza uVela ahlale emzini kadadewabo. (2)

3.19 Qondanisa **IKHOLOMU A** kanye **NEKHOLOMU B**

| **IKHOLOMU A** | **IKHOLOMU B** |
|---|---|
| 3.19.1 UHlomuka | A. Wayezoboleka uBhiza isibhamu. |
| 3.19.2 UKhethiwe. | B. Wabe engumshana kaVela |
| 3.19.3 US'khulu | C. Watshotshelwa amateki akhe. |
| 3.19.4 UMbali | D. Umngani kaVela |
| 3.19.5 UBhiza | E. Ingane kaMaZwide. |

**(1X5) (5)**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

**Zithokozise!!!**

Name: ____________________________________________________ Date: _______

## Izikhathi zonyaka, izinombolo kanye nesikhathi selanga

| | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| A | I | E | J | E | Q | L | C | H | W | S | Q | A | K | N | E | M | D | W | X | G | E | L | G |
| P | H | B | Z | F | V | M | V | S | G | I | S | I | K | H | O | M | B | I | S | A | J | A | I |
| L | N | A | A | L | K | U | M | O | G | K | K | X | X | V | B | F | M | R | P | C | V | T | M |
| O | I | Q | P | T | H | E | H | V | K | H | O | Y | C | A | O | B | M | W | T | H | U | D | T |
| C | G | E | Y | H | A | B | M | Y | L | J | O | A | L | K | S | R | O | F | E | Z | F | F | X |
| W | Q | T | K | M | K | J | T | J | K | E | P | S | K | I | M | N | K | E | M | I | N | I | Y |
| O | W | J | Z | K | O | C | K | Y | J | I | R | A | O | U | V | X | Q | Z | R | Z | E | A | F |
| S | L | K | Q | X | I | J | W | R | K | O | D | G | U | A | G | D | Z | O | V | D | I | E | O |
| M | V | V | H | I | R | F | A | G | D | I | N | T | W | A | S | A | H | L | O | B | O | K | P |
| O | Z | Z | F | S | A | Z | G | G | F | I | H | L | O | B | O | B | A | T | C | I | U | U | B |
| Y | N | S | N | H | G | Y | V | R | R | W | P | U | I | S | I | T | H | U | P | H | A | S | O |
| O | X | N | T | U | B | A | H | J | Z | R | J | K | E | S | Q | J | I | K | V | W | I | E | V |
| K | M | T | D | M | N | E | P | B | V | K | A | U | N | R | X | B | B | U | B | R | O | N | O |
| Q | V | R | A | I | B | X | V | F | P | U | K | H | I | F | K | G | X | A | A | Z | F | I | M |
| V | B | C | Y | Z | H | K | Y | N | O | N | U | L | K | T | C | O | W | Y | J | H | I | T | U |
| Y | E | B | D | S | Q | C | P | U | I | E | N | A | X | X | B | F | F | G | I | H | S | U | L |
| X | L | X | Y | J | L | A | M | B | H | Z | Y | N | G | U | R | N | L | I | J | J | P | M | V |
| R | M | I | Q | X | U | A | J | U | K | O | E | U | I | X | V | B | Y | K | T | H | M | F | O |
| X | M | W | Y | W | W | P | N | S | T | H | H | K | D | O | S | M | L | P | S | A | K | N | G |
| K | U | B | I | L | I | I | D | I | B | L | J | U | I | N | K | W | I | N | D | L | A | T | T |
| V | D | F | Z | Q | B | J | H | K | F | X | M | M | K | U | T | H | A | T | H | U | J | Y | O |
| D | Z | N | Z | U | L | G | N | A | G | D | M | E | I | N | U | J | N | R | R | A | C | G | A |
| C | E | D | B | D | O | A | S | N | X | E | B | O | N | Z | X | E | G | V | H | D | U | J | W |
| P | J | G | K | G | K | Q | T | X | O | T | E | I | C | X | K | E | B | U | S | U | K | U | M |

| | | | |
|---|---|---|---|
| ebusuku | emini | ekuseni | ishumi |
| isikhombisa | isithupha | kuhlanu | kune |
| kuthathu | kubili | kunye | inkwindla |
| ihlobo | ubusika | intwasahlobo | |